

# ABAKWA-SARS BELULE ISIKHATHI SETHENDA YE- TRACK & TRACE

**Pretoria, ngoLwesihlanu mhla zingama-24 kuNhlaba 2019** – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukumemezela ukwelulwa kwesikhathi sethenda yokuhlinzekwa kwesisombululo sokuSingathwa koMkhiqizo nokuwuLandelela i-Production Management kanye ne-Track and Trace solution kagwayi eshicilelwe kusizindalwazi sakwa-SARS.

Ukwelulwa kwesikhathi kunika uKhomishana, uMnu Edward Kieswetter ithuba lokudla amathambo engqondo, abheke konke okuthintekayo nokuthi akwazi ukuhlwaya nzulu ngalokhu.

Abakwa-SARS baphinde bagcizelela ukuthi lelisu lihlose ukubhekana nokubaluleka kokuthobela kanjalo nobungozi emalini engenayo obubangelwa izenzo ezingemthetho futhi ezingahambisi ngendlela uma kubhekwa izenzo ezingemthetho kwezezimali, ikakhulukazi embonini kagwayi.

Imininingwane eyengeziwe izohlinzekwa ekuhambeni kwesikhathi ngokulandela inqubo yokuthola usizo lokwenziwa komsebenzi kubandakanya nesikhathi eyelulwa ngaso.